


U-EDWARD Mothibi ushaye intambo kukubi, eshiya ngengcuphe uBongumusa Mthembu (osesithombeni esincane kwesokudla) kanti uGerda Steyn ungene emabhukwini omlando ephula irekhodi esigabeni sabesifazane asinqobe evule elikhulu igebe.
IZITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA

# Uyayivuma induku ocija uMthembu

## Ngeke esalubhada emjahweni waseRomania

MZWAMANDLA ZONDI
noPHILANI NCALANE

ngo-2018. Nokho uMthembu wehlulekile wukwenza njengoGerda Ste-

kakhulu wukuthi uMthembu wenze kangcono isikhathi somjaho uma unyuka (usuka

zindaweni ezehlelayo.

"Sikwenzile lokho kodwa saba nebhadi lokuthi kunomuntu oqatha kunaye. Ukungena kwakhe isibili kuyefana nokuthi unqobile. Unombolo 1 nonombolo 2 bayefana ngokwezikhathi abazenzile, okuyinto engajwayelekile kulo mjaho.

"Sibonga kakhulu kubantu abebeseka uMthembu. Sibabonile bebekhona emzileni womjaho naseScottsville mabangadikibali. Sisazohlala phansi sibone ukuthi yimuphi umjaho esizokuya kuwona," kusho uMabhida.

UMthembu ekhuluma nabezindaba ngemuva komjaho, uthe umjaho ubunzima kakhulu kwazise uqale ngesivinini futhi abantu abaningi bebebheke yena.

"Bengizitshela ukuthi ngizocacisa yonke into kwiPolly Shorts kodwa kwangenzeka ngenxa yokuthi uMothibi ubenamandla. Ngesikhathi engedlula ngikwamukelile ukuthi ngeke ngisamfica.

"Imizamo yokumjaha ibizophazamisa izinhlelo zethu. Besekukabili okwami - wukuthi ngizame ukumjaha bese kuphazamiseka uhlelo noma ngivikele indawo yami yesibili. Ngiyambongela uMothibi," kusho uMthembu.

Izingqwele zalo mjaho zihlomule ngo-R500 000 kubo bobulili ubulili zaphinda zathola no-R200 000 ngaphezulu, kwazise zombili ngezase-Ningizimu Afrika.




UGERDA Steyn



NGUBONGUMUSA Mthembu